Most of the submissions dealing with the deterioration in service delivery referred to a disruption or lack of delivery in social welfare such as, grants, such as pensions, disability, and child support grants; and corruption and ineptitude in the Department of Home Affairs, the South African Police Service and the criminal justice system.

All of the above-mentioned services are controlled and administered at a national government level, and therefore have no applicability to the Constitution 13<sup>th</sup> Amendment Bill affecting the provinces. Grievances concerning lack of delivery in these areas need to be addressed by National Government.

**THE SPEAKER:** Hon member, there is a point of order.

**AN HON MEMBER:** Mr Speaker, I rise on a point of order: Will the hon member take a question about his misleading the House?

**MR M E SITHEBE (ANC):** I am reluctant to take a question.

Despite the fact that the overwhelming majority of concerns raised by citizens of Matatiele with respect to provincial service delivery were unsubstantiated by facts, the ANC strongly recommends that a comprehensive investigation be undertaken by national Government into these allegations. Corrective steps can be taken by the Eastern Cape government if these allegations are substantiated in any way. However, it must be noted that any transitional process is fraught with difficulty, and reasonable allowances need to be made for both the provinces of KwaZulu-Natal and Eastern Cape in adjusting its service-delivery programme in line with the boundary changes.

The ANC remains deeply committed to the improvement of the quality of life of the citizens of Matatiele. This commitment is in no way impaired by our support of the

Constitution Thirteenth Amendment Bill and, should this Bill be enacted, we will continue to strive to meet the needs and aspirations of the people of the Matatiele district, both in the rural town of Matatiele and its surrounding rural areas, which are totally dependent on the town of Matatiele for their livelihood and trade.

We also need to be mindful of one debate that is hovering in our country, and that is a debate of reducing the number of provinces. This very same issue is going to be addressed by none other than the ANC party. [Interjections] We inherited a number of demarcated areas. We had four provinces and we inherited all the TBVC states. We are saying we need to have fewer provinces in the country. It is also important that members of this Legislature should understand that our pieces of legislation put a lot of emphasis on the devolution of power to local governments so that they can begin to play a very important role. We are saying it is important that we begin to look into those challenges that we are faced with in order that we are able to deal with these issues.

Baba Msomi, the ANC owns this decision. It is our collective decision. We are saying the ANC leads. [Interjections] We are also saying ... [Laughter] ... this organisation is pursuing a developmental agenda. We are saying we need to instil that mindset in our people of fighting for one country, one nation and one vision. That is what we are saying as the ANC. To my colleague who is leading SCOPA, we are meeting at a national level, even at continental level, to deal with issues of public accounts. It is our task, and we will see to it that we engage our colleagues in other provinces in these types of issues. Thank you very much.

**THE SPEAKER:** The hon Inkosi B N Mdletshe.

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** Somlomo ngicabanga ukuthi usungibizile baba, sengiyasabela. Sengisabelile.

**THE SPEAKER:** Inkosi inemizuzu la eyishumi nesishiyagalolunye.

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** Yintahantaha.

**THE SPEAKER:** Isingaqala-ke. Ishumi nonayini.

***English translation follows:***

**[INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** *Mr Speaker, I think you have called me, sir. I am responding.]*

**THE SPEAKER:** *Inkosi, you have 18 minutes.*

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** *Oh, that is plenty of time!*

**THE SPEAKER:** *Now Inkosi can start saying something.]*

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** Somlomo, angibonge nje okokuqala ithuba ongikeza lona bese ngisho ngithi; ngimangalile khathi kukhuluma udadewethu uBelinda Scott.

**English translation follows:**

*[Mr Speaker, let me firstly thank you for the opportunity you have afforded me. I was surprised when my sister, Belinda Scott, spoke.]*

My sister, you were present at the public hearings.

Wazizwela wena *and* ngiyamangala. Uyazi ningikhumbuzeni nina bantu baka-ANC? Ningikhumbuze indaba eseBhayibhelini lena yomFarisi lo owayethandaza ethi, “uyabona mina Baba ngikunikelela imali enkulu, mina ngenze ukuthi mina ...” Kuthiwa lowo mthandazo awuzange uye ndawo. Nalokhu enikwenzayo - ngeke iye ndawo le nto eniyenzayo kubantu baseMatatiele.

Senibe nenhlanhla-ke Somlomo, nathola amazwi akhulunywe yinkosi uMthuli. Inkosi ikhulumile. Ithi; “*may the day come soon when the people of the world who rose themselves.*” *When the people of Matatiele beyosisukumela bona and together XX12:25:49 any threat to peace.* Abantu baseMatatiele bayosisukumela bachithe wonke udoti lo ongase ubulale ukuthula eMatatiele. “*Whatever quarter of the world it may be found,*” kusho uLuthuli kule ncwadi le enisnikeza yona. Nenzani pho nina? Nigangelani? Uyabona Somlomo, sabeluleka njalo oKubheka ilunga elihloniphekile, noSithebe, nodadewethu labana, nangenkathi kufika le *amendment* sathi asihambeni siyokhuluma nabantu. U-ANC akezwa! Lo okhona nakhuzana... Wena ngiyakwazi wena Msomi. Wawuhamba ngemoto eyishintshayo. Siyayazi iContribution yakho? Uyabona-ke, Somlomo, le ANC ekhona ngiyadabuka nje Mhlonishwa uNdunankulu - ukuthi ungalihola kanjani iqembu elingafuni ukuya kubantu, lize likhuzwe yiConstitutional Court? Banqabe

sibatshela ngoba abafuni ukusizwa oKubheka laphayana. Uyisekela likaNobhala njalo lo Kubheka engikhuluma ngaye. Akafuni ukulalela iConstitution ukuthi ithini.

Angiqhubeke-ke. Kuthe uma seninqandwa yiConstitutional Court naqala ukuzwa. Ilunga elihloniphekileyo uMsomi labuza ngokokuqala ukuthi siya lapha siSerious yini ukuyokhuluma nabantu baseMatatiele? Bathi yebo. Yena yena lo, ngimangalile – angazi ngoba abantu baseMatatiele bebekhona izolo. UKubheka, bantu baseMatatiele bebengasezwa ukuthi benithini lapho kade nikhuluma khona? Sekuphika yena, aze afake ivoti lokugcina njengoSihlalo. A deliberate vote, athi uphikisana nezicelo zabantu baseMatatiele, kwakuphethe yena umhlangano, ilunga elihloniphekileyo uKubheka. Ukuziphikisa okungaka! [Interjections] Uyabona-ke okusithusile silapha Somlomo, ukuthi abantu abaphetheyo abasezikhundleni yibo abashushumbisa le nkulumo yokuthi akuyiwe le e-Eastern Cape. Abakhulumeli bona abantu, bakhulumela izisu zabo. Uyabona-ke, ngethuswe nangamakhosi lapha. Aze asho athi; “sikhulumela iContralesa.” Wase ubona-ke ukuthi kukhuluma amakhosi njengeContralesa, hhayi njengabantu bemele abantu. Kuphikisa abantu, izwi labantu. Thina makhosi esavele sabekwa abantu ngeke uze usibone siphika nezwi uma kukhuluma abantu.

ICosatu, iqembu leli leTriparteid yenu iCosatu, belaph' eMatatiele ithi; “qha kunokuya e-Eastern Cape asize KwaZulu-Natali.” Kuqhamuka le ndoda eqhamuke ngomhla ka-30 ethi ikhulumela iCosatu e-Eastern Cape yonke, iphikisa lokho. Akasuki khona kubantu baseMatatiele lo esimuzwe ngomhla ka-30. Ngifuna ukubona nezakho Somlomo lezi zesikela, ziphumele obala – iSACP bakithi – zathi gelekeqe, zama obala zathi ziyabasaphotha abantu baseMatatiele ku-course yabo. Kusho iSACP, amaKhomanisi abasekela. Ngiqonde ukuchaza njalo lapho ukuthi iCosatu namaKhomanisi abayiTriparteid no-ANC bavumelana nabantu baseMatatiele. Lo ANC mntakaDudu, akusewuye lo enimaziyo, akusewuye lo ANC owakhuluma koMthuli ekhuluma wona la magama abawakhulumayo. Enye i-ANC le esiyibonayo lapha. Le ekhona i-ANC nansi iyangibuka, le ANC ekhuluma engohliwa abantu le ekhona.

Buza phela umbuzo ngikutshela ukuthi bakhona abantu baseMatatiele. Niyabona, nanka ama-*partition* nanku lo mqingo siwunikezwe ama-*legal adviser*. Bantu baseMatatiele, abantu babhalile nama-*legal adviser* nezisebenzi zibhalile ukuthi izinkulungwane ngezinkulungwane zenu nithi anifuni ukuya e-Eastern Cape. U-ANC lo okhona engiwukhombayo uyaphikisana naleyo nto. Bantu baseMatatiele uKhongolose,

niyabona-ke ukuthi uqotho lo Khongolose. Ngabe okungenani uvumela abantu baseMatatiele okwacelwa yiqembu leNkatha nabantu baseMatatiele bakucela namanye amaqembu ukuba kwenziwe i-referendum. Buzani kubantu-ke manje ukuba bavote basho ukuthi bayafuna yini ukusiwa e-Eastern Cape na? Ningeke nivume. Nithule nje ngoba ngeke nikwenze lokho. Anifuni Gcabashe. Kona lokhu eningakwenza-ke, kukhona omunye owaphawulayo silapha eMzimkhulu we-youth [Interjections: Somlomo ingane yakuveza ukuthi izinqumo kade zathathwa endlunkulu. Yaze yakhuzwa uMunicipal Manager uNgcobo wathi; “ungakusho ngoba ungene ku-ANC ukuthi unqume kanjani.” Siyazi kade nasithatha lesi nqumo. Kusho ne-youth league isho kanjalo eMzimkhulu niyihluphelani nilokhu nisigijimisa; “hambani niyolala eNgele. Hambani niyolala kuphi nina enizokuya eMatatiele,” ngoba besenivele ninaso isinqumo esandleni. Nisimoselelani isikhathi sethu kangaka, Kubheka usihole nawe uze uqinise imithambo engathi uNgcwele ungcwele. [Interjections] Bafika ngobuningi babo badle nathi bahlale nathi baze banikine amakhandla bethi hnm nkosi yami hnm. Badlala ngabantu baseMatatiele. Uyabona-ke, sihlale sinikhuza kulezi ndaba zenu nithi niyozwa izimvo zabantu ngoba nijika ningenzi lutho emva kwalokho. Ngisho kanje ngoba kade siye eMatatiele akwenziwa lutho okushiwo abantu baseMatatiele. Naba oKubheka besinabo Mhlonishwa. [Interjections]

**English translation follows:**

*[You heard for yourself what was said and now I am surprised. You know, you ANC people remind me of a story in the Bible about the Pharisees who were praying, saying: “You see, God, I will give a huge amount of money, I will do this and that ...” It is reported that that prayer did not go far. What you are doing to the people of Matatiele will come back to haunt you.*

*You have been fortunate, Mr Speaker, in that you have listened to the words that were uttered by Chief Luthuli. Inkosi says: “May the day soon come when the people of this world will free themselves.” The people of Matatiele will stand up for themselves and stand together against any threat to their peace. You see, Mr Speaker, we did advise the hon Kubheka and the hon Sithebe and my sisters over there when this amending Bill was first tabled. We told them that we must go and consult the people. The ANC does not listen! I know you, Mr Msomi. You were driving an automatic vehicle. We know your contribution in the ANC. Now, Mr Speaker, I ask the hon Premier, how does he lead a*

*party that does not want to consult the people? The ANC was instructed by the Constitutional Court to consult the people. They refused to listen when we advised them, because Kubheka and those people over there did not want to listen to us. The same Kubheka is the deputy secretary of the ANC, but he does not want to abide by the Constitution.*

*Let me proceed. When the Constitutional Court instructed you, you started acting as if you were listening. The hon Mr Msomi asked if we were serious about going to the people or if we were just going through the motions. They said they were being serious. The same Kubheka betrayed the people of Matatiele. He opposed their views to such an extent that he cast a deliberative vote as the chairperson, and yet the hon Kubheka was charing the hearing. What a contradiction! [Interjections] You see, Mr Speaker, what shocked us even more is that the people who have high positions are the ones who favour the move to Eastern Cape. They do not speak on behalf of the people – they are talking on behalf of their stomachs. You know, Amakhosi there shocked me. They even said: “We are speaking on behalf of Contralesa”. It was obvious that they were talking as Contralesa – not as Amakhosi representing the people’s interest. They were opposing the voice of the people. We Amakhosi who represent the people cannot oppose the people’s voice.*

*Cosatu, which is part of the tripartite alliance, also stated in Matatiele that they would rather go to KwaZulu-Natal than the Eastern Cape. Then, on the 30<sup>th</sup> a man came up and said he was speaking on behalf of Cosatu in the Eastern Cape, opposing the move. He did not come from the people of Matatiele. I was happy to see that your own party, Mr Speaker, the SACP, came out clearly and pledged their support to the people of Matatiele. This ANC has changed. It is no longer the ANC that was led by Inkosi Luthuli.*

*You see, we have this thick document and all these petitions that were received from the legal adviser. People of Matatiele, it is recorded here that thousands and thousands of you do not want to go to the Eastern Cape. The current ANC opposes that. The ANC must at least allow the people of Matatiele what the IFP and the people of Matatiele have requested, namely to have a referendum. Go and ask the people to say if they want to go to the Eastern Cape or not. You will never do that. You are silent because you will never do that. You do not want to do it, Gcabashe! We know this decision was taken long ago. Even the Youth League at Umzimkhulu said this. Why are you wasting*

*our time, Kubheka? You led us, pretending to be all holy and innocent ... [Interjections] You acted as if you sympathised with the people of Matatiele, but you were just faking it. We always correct you when you say you go and listen to the views of the people, because you do not do anything after that. I am saying this because we have been to Matatiele, but you have not done anything that has been requested by the people of Matatiele. Here is the hon Kubheka who he led us ... [Interjections]]*

**THE SPEAKER:** Ake sime kancane lungu elihloniphekile. Sekukhona okudinga i-point of order. *[Can you hold on for a moment, hon member? There is a point of order.]* Hon member...

**MRS H M BLOSE (ANC):** Ngiyabonga baba Somlomo. Ngiyacela ukuzwa ukuthi iNkosi ingawuthatha yini umbuzo? *[Thank you, Mr Speaker. I want to know if Inkosi can take a question.]* [Interjections] Angikhulumi nawe. *[ I am not talking to you!]* [Interjections]

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** Ngize la okuyiyona nto. Uyabona, ngenkathi silapha eMatatiele, bekukhona laba bantu bakwaHuman Rights ngemoto emhlophe. Baphi abaqhamuki ngani? Sididwa yila maphepha-ke namhlanje. *[You see, when we were in Matatiele, we had people there from Human Rights who were driving a white car. Why are they not here? Today we are confused by these newspapers].* [Interjections]

**THE SPEAKER:** Lungu elihloniphekile, *[hon member]*, there is another point of order.

**DR B M RADEBE (MEC for Social Welfare and Population Development):** Somlomo, ngempela asiyeke ukudlala. Ngicela Somlomo uvikele ... *[Mr Speaker, let us stop playing games. Can you protect ... ]* [Interjections]

**THE SPEAKER:** Kahleni malunga ahloniphekile. Uyazi ngicelile la nasekuseni. Ake ninikezane ithuba. Khuluma lungu elihloniphekile sizwe ukuthi uthini. *[Hon members, I requested you this morning, please give each other an opportunity. Proceed, hon member, so that we hear what you want to say.]*

**DR B M RADEBE (MEC for Social Welfare and Population Development):** Somlomo, ekuseni la kube nesikhalo sokuthi – it is a point of order – sokuthi ilungu elihloniphekile lapha, umama uMncwango, uthuke ilungu elihloniphekile uHlongwa. Siyacela Somlomo ukuthi ake uyiqinise imithetho yale ndlu ukuthi le ndlu ayihlonipheke. *And yi-culture entsha le esiyiqabukayo efika nelungu elihloniphekile, umama uMncwango, yokweqisa*

izinhlamba endlini ehlonipheke kangaka. Siyacela Somlomo ukuthi uma kunama-*debate* awukusibuke ukuthi *sibehave* kanjani ngoba lezi zinhlamba eziza ngala angiboni ukuthi zizokwamukeleka. Ngiyacela Somlomo, nasekuseni, kuyaphinda futhi namanje. Uze athi-ke manje, uzomnquma. [Interjections]

*[Mr Speaker, this morning there was a complaint – it is a point of order – that the hon member over there, Mrs Mncwango, insulted the hon member Hlongwe. We request you, Mr Speaker, to enforce the Rules of this House. This is a new culture introduced by Mrs Mncwango to use vulgar language in the hon House. I request you, Mr Speaker, to monitor our behaviour during debates, because the insults towards our side of the House are unacceptable. It happened this morning. Now it has happened again. Now she even says she will cut her throat! [Interjections]]*

**MRS L A MNCWANGO (IFP):** Cha, kusho ukuthi ngempela bekade nitsheliwe la kade nikhuluma khona ukuthi nje ni-athende mina. OK phela sengizwile.

*[I swear, wherever you had been meeting, you were instructed to pay close attention to me. Okay, I have heard!]*

**THE SPEAKER:** Ake ubalinde nje, balinde nje Ndabezitha uma sebeqedile siyobezwake ukuthi sebeyakhuluma, bese uyakhuluma. Kusekhona ilunga elihloniphekile elisaphakamile-ke Ndabezitha futhi elidinga ukuthi libe ne- *point of order* nalo.

*[Just wait for them to finish, hon Inkosi. When they finish then you will continue to speak. There is another member who is rising on a point of order.]*

**DR L P M MTSHALI (IFP):** Somlomo baba, ngisukuma nje ukuphawula ukuthi kuvumelekile yini ukuyivubela ivutshelwe uNgqongqoshe?

*[Mr Speaker, sir, I rise to ask if it is permissible for the MEC to instigate violence in the House.]*

**THE SPEAKER:** Cha, uyabona nje konke enikwenzile kuyahlupahlupha nje ngoba kuphazamisa leliya lunga elihloniphekile ebelikhuluma. Ngabe likude manje. Ngabe liyayiqeda nenkulumo yalo manje. Nginesicelo-ke sokuthi malunga ahloniphekile ake nisinikeze ithuba lokuthi siyele maduzane nokuyiqeda i-*debate*. Awuqhubeke-ke lunga elihloniphekile, ngiyazizwa izinkulumo ezibekiwe. Qhubeka-ke lunga elihloniphekile.

*[You see, all you are doing is causing a problem because it interrupts that hon member who was speaking. He would have finished by now. I request you, hon members, to give us an opportunity to conclude this debate. Can you proceed, hon member? I hear what has been said. Proceed.]*

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** Angibonge Somlomo ngokucebana bakithi. Ukucebana bakithi hhawu ukucebana! Angiqhubeka kodwa Somlomo. Ukucebana! Ngakugcina sisebancane, “Please miss” ..., angisho lutho Somlomo. Kwakuwukucebana kwethu sisebancane, sesikhulile manje.

Ngidlulele la ekuthenini, abeHuman Rights bebhona laphaya eMatatiele. Asikakabezwa bekhuluma, bathule bathini? Zithule zithini lezi nhlango zikaHulumeni? Bathuleleni abantu uma u-ANC egxobagxoba abantu, bathuleleni? Sekukhombisa khona lezi nhlango zibekwe uye uKhongolose. Asifuni-ke ukucabanga kanjalo. Lezi ezisilele, zisisaphothile zona. Uthule uthini uPublic Protector ngoba le ndaba Somlomo ifikile kuPublic Protector? Abantu abangancishwa ilungelo labo abazisholo lona. Yini ingake ingene le ndaba sivumelane ukuthi ayiye kuPublic Protector sivumelane ukuthi ayiye kuPublic Protector, bavikeleke laba bantu baseMatatiele? Naba abamaphepha namhlanje, nazi izinhlelo zimhlophe, uyabona-ke ukuthi baphethwe yinina impela? Naba abamaphepha. Uphi umsakazo uKhozi oluzithanda kangaka izindaba? Nibatshelile ukuthi bangezi namhlanje ngoba kukhulunywa izindaba zaseMatatiele, ngoba laba bantu nifuna ukubabhonya nje, bethule bengazwakali. Nibashaye umhlaba ungazi ngabo? Baphi abezindaba Somlomo? Engani nihlale nikhuluma nihambise nje izinkukhu nommbila emphakathini lapha. [Interjections] Hho, kade ngisemphakathini! Ngibone abantu abangaka! Khulumani Mphephethe. [Interjections] Kodwa abantu bayahlushwa eMatatiele abekho abezindaba. Alukho uKhozi. Akukho muntu ngoba laba bantu baseMatatiele kufanele babulawe nje badliwe baqedwe ngezivumelwano zenu.

Kukhona i-*propaganda* nina bantu bakaKhongolose eniyishayayo lapha, eshiwo abantu. uKhongolose wase-Eastern Cape. Uthi uKhongolose wase-Eastern Cape, “uma abantu bevuma ukuya e-Eastern Cape, laba abayizalukazi asebekhulakhulile bazofika abesifazane bathole impesheni *at the age of 55* bese kuthi amadoda-ke wona *at the age of 60* athole impesheni. Kokwenzeka konke lokho uma nivuma ukuya e-Eastern Cape. Siyonigixabeza ngo-R300 ngaphezulu!” ANC zwanini! Upheth’ izwe njalo lowo Hulumeni!

Ngakho-ke, ngifuna sengizohlala phansi, kodwa usakhona u-9 *minutes*, awuthi ngithi kancane. Uyabona, ngiyakusaphotha mina okushiwo yiDA neqembu lami ukuthi asenze *i-amendment* njengoba ishisa. Sizoyisaphotha leyo *amendment*. Ngoba ushilo Nomndaye, ngikuzwile ukhuluma ukuthi kulaba bafowethu abala kukhona abanye abangayithandi le nto eyenzakalayo. Ngiyamazi uKubheka cishe akayithandi le nto eyenzakalayo. Uphoqiwe uKubheka. Ngiyamthanda uKubheka lo mfana uzokhula umholi oyisimangaliso loya. [Interjections]

**English translation follows:**

*[Thank you, Mr Speaker. Telling tales! Telling tales! However, let me proceed. I last did this thing when I was still at school. I would say, "Please, Miss" ... I am not saying anything, Mr Speaker. That is what we did when we were still young. We are old now.*

*The Human Rights people were there at Matatiele, but we did not hear them speak. Why were they silent? Why are the government organisations silent? Why are the people silent while the ANC is abusing other people? It seems as if these organisations are affiliated to the ANC, but we do not want to think like that. What is the Public Protector saying, because this issue has been to the Public Protector? People must not be deprived of their rights. Why can't this issue be taken to the Public Protector so that the people of Matatiele can be protected? Where are the media people today? The chairs are empty! Can you now see that they are controlled by you, the ANC? Where are the newspaper journalists? Where is uKhozi FM which likes news so much? Did you instruct them not to come today because we are talking about the issue of Matatiele, because you want to abuse these people? You do not want the whole world to know about what you are doing. Where are the media people, Mr Speaker? You always report on everything, even on poultry projects which you take to the people ... [Interjections] The people of Matatiele are being abused and there are no media people here! There is no uKhozi FM! There is no-one, because the people of Matatiele will be abused, come what may.*

*There is propaganda being bandied about by the ANC in the Eastern Cape. The ANC in the Eastern Cape says: "If people agree to go to the Eastern Cape, the female pensioners will start receiving their pension at the age of 55 and the males at the age of 60. All that will happen if you agree to go to the Eastern Cape, we will give you R300*

*extra!" This is the ruling party's government which says that!*

*Therefore, I support what the DA and my party are saying: We must hold a referendum. As the hon Msomi has said – there are even some ANC members here who regret the move. I know hon Kubheka does not like this thing. His hand is being forced. I like that young man, that Kubheka. He will be a very strong leader when he grows older. [Interjections]]*

**MR V C XABA (Chief Whip of the Legislature):** I rise on a point of order, Mr Speaker.

**THE SPEAKER:** Asithathe le [*let us take this*] point of order.

**MR V C XABA (Chief Whip of the Legislature):** Mr Speaker, uMhlonishwa uyazi ukuthi ngokwama-Rules ala ekhaya ilunga akufanelekile ukuthi ligagule nje elinye ilunga ngesibongo lingazange lize liqale lasho ukuthi 'ilunga elihloniphekile lale ndlu' yakwaZulu-Natali elishaya umthetho.

*[Mr Speaker, the hon member knows that, according to the Rules of this House, you cannot just call the member by his name or surname without putting hon before the name. That is according to the Rules of this Legislature.]*

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** Phela igama Mhlonishwa uKubheka. Kodwa bese ngisho bakithi ukuthi singanaka lokho kunabantu baseMatatiele abathathwayo! [Interjections] Sesingaze sikhulume nje impela kusukume uSotswebhu omkhulu asukumiselwe lokho nje! Bakithi ukuze ubone ukuthi abantu baka-ANC abayinaki kangakanani indaba yabantu baseMatatiele, uSotswebhu omkhulu angikhulumi mina ngosoTswebhana. uSotswebhu omkhu...lu, Somlomo, anake lokho nje! Mhlonishwa uKubheka ngiyasho mfowethu, ngilishiyile leli gama uyangikhumbuza laphana uNonkosi uXaba ukuthi angilisho Mhlonishwa uKubheka. Bengithi-ke ngoba nakhu kuyakhombisa ukuthi kukhona abasabayo kubahlonishwa (bakhona abasabayo?) yini pho singake sivote ngeSecret Balott namhlanje? Sivote ngeSecret Balott ukuze umuntu azisholo yena into esuka ngaphakathi kunembeza. Simane sivotele le ndaba siyisusela ngaphakathi. Singanqaba yini Somlomo uma usuyidlulisele nakithina? Kungasiza nalokho! [Interjections]

Ngakho-ke, ngifuna ukusho Somlomo ukuthi, bakithi, izolo ngizamile ukuphesuweda i-ANC I tried my best. Ngizamile ukunicela bafowethu kuKomidi, nginicela njengabantu

ukuthi, izwe lakithi siyalithanda thina njengeqembu leNkatha, yingakho kwathi ngo-1994 sasingqaba uMholi wethu wasivumela ukuba singene – kwakukubi ngo-1994 – ngoba uthanda izwe lakhe, abantu bakhe. Yikho okwasenza sangena noma sibona ziphi izinkinga ezilukhuni ezenzakalayo kuHulumeni kodwa siyaqhubeka ukuba khona sibambe iqhaza ngoba sithanda izwe lakithi nabantu balo. Musani nithi niphethe uHulumeni kube yinina enivuthela amalangabi noma umlilo wokungezwani ezweni lakithi. Musani ukwenza iKhutsong ibe khona. Musani ukwenza laba bantu baseMatatiele, sebezivezile, abantu bagcine bebona indlela engcono ngoba bakhombisile laba Bantu ukuthi baqotho emthethweni ukuba balandele isibonelo saseKhutsong.

*[Now I am putting the word “honourable” there. Why should we have to pay attention to such a small detail while the people of Matatiele are being ignored? One would not have expected the important Whip of the House to stand up and complain about the word “honourable”. So you can see, the people in the ANC do not care about the people of Matatiele. They only care about their own superiority. Hon Kubheka, or let me rather say “hon Kubheka”, why can we not vote through a secret ballot today? Some people are clearly afraid to express their sympathy towards the people of Matatiele. If we were to vote by secret ballot, people would be able to say what is inside their hearts.]*

*Mr Speaker, yesterday I tried my best to persuade the ANC. I tried to put a request to you, colleagues of the committee. I was talking to you as the people. We are patriotic towards our country, as the IFP. That is why in 1994 we refused to take part in the election, but our leader persuaded us to take part. It was bad in 1994, but because our leader is patriotic towards the country and the people, he wanted us to take part. That is why we are still taking part in the government, because we love our people. Do not bring Khutsong here. The people of Matatiele have not emulated the Khutson people. Everything they have done is in line with the Constitution.]*

**THE SPEAKER:** Nali elinye ilunga elihloniphekile. *[There is another hon member.]*  
[Interjections] Siyacela phela ukuthi sinikeze ilunga elihloniphekile ithuba Qhubeka-ke.  
*[Can you allow the hon member to speak?]*

**MR Y S BHAMJEE (ANC):** Hon Speaker, I notice that the pants of the hon member who is addressing the House keep falling down all the time. Can you not give him a couple of

minutes so that he can go out and tie his belt properly? I fear he may otherwise embarrass this House. [Laughter]

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** Konke njalo lokhu okwenziwa ubhajiya ngesiZulu kushiwo njalo phela, angazi. Konke njalo lokho kusho ukuthi abantu baseMatatiele bancane kunale nto ayicabangayo. Uhleli lapha ubuka ukuthi ngilibamba kanjani ibhulukwe lami. Akanaki *iconcern* yabantu baseMatatiele. Senikhombisile bafowethu. Uma nicabanga ukuthi umbuso niyowuphatha ngale ndlela eniwuphethe ngayo, nisebenzisa leli ningi ngenkani ngale ndlela enenza ngayo, uzosha phambi kwenu. Siyaneluleka thina boMdletshe. Asinandaba namuntu sithanda izwe lakithi. Uma.. angifuni ukukhuluma ukhulume nawe ngoba awunikeziwe ithuba uSomlomo. Uyabona lezi ezibomvu seziphumele obala zasho ukuthi ziyabasaphotha abantu, uwe nje lunga elihloniphekile uGcabashe okhuluma la ungabatsheli laba oBamjee ukuthi kufanele bakhulume kanjani. Bengifuna ukukutshela-ke ukuthi niyabona bakithi, mhlawumbe ePolokwane ngoDecember kuyophuma ubuholi obungcono, obuzolalela uLuthuli ukuthi uthini. Obuzosho ukuthi abantu bathini...bulalele abantu ukuthi bathini. Mhlawumbe sethamba lokho lelo themba silibekile. Kodwa uma kuseyilobu buholi esibubona la obungabanaki abantu! Gcabashe obungabanaki abantu baseMatatiele! Sinebhadi siyakhala. Cha buka uyangihlohloza..awubheke uyangihlohloza lo akanikeziwe njalo ithuba. Yilaba bantu bokuxoshwa ke eNdlini-ke Somlomo, mxoshe, mxoshe, mxoshe!

***English translation follows:***

*[All that Bhajiya is demonstrating is that the people of Matatiele are less important than what he is thinking about now. He is sitting there, looking at how I am holding up my trousers. He does not even think about the concerns of the people of Matatiele. You have shown that you do not care about these people. I am telling you, we do not care about you, but we care about our people. I do not want you to say anything, because the Speaker did not give you the opportunity to speak. Maybe you will elect a better leadership in Polokwane in December, leadership that will listen to what Inkosi Luthuli once said, leadership that will hear what the people are saying and listen to them.]*

**THE SPEAKER:** Cha lunga elihloniphekile, akangaphazamiseki omunye ekhuluma. *[Hon member, do not interrupt the other member.]*

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** Uzokuxosha, ucabanga ukuthi uyadlala...unendaba yini

nawe. Uzokukhipha lapha eNdlini. Bakwethu ngisanincenga ba-ANC. Bantu baka-ANC ngiyanincenga. Ngiyafisa nje *one day* ke niye kulaba Bantu ngeke niphume laphaya lungu elihloniphekileyo. Njengoba ninquma kanjena nje...Seninalobu bugebengu njalo nina, uma senifuna ukujikela abantu nikhuluma isilungu kakhulu kunakuqala ngoba nifuna abantu bangezwa, abantu balokhu bedizela bethi asizwanga kahle bese kukhulunywa nesilungu laphaya asizwanga nakahle, ngoba nifuna nje kuphela ukuba nidlule kulezo zinto zenu. Angixabene-ke nezilimi. Enye *i-point of order* futhi?

**English translation follows:**

*[The Speaker will chase you out! You think the Speaker is joking. He does not care about you. He will chase you out of the House. I am still pleading with you, ANC. I wish one day you could go to the people of Matatiele. I swear, you will not come out. You commit this crime all the time: When you want to confuse the people, you start speaking English more than before. You do not want people to understand what you are saying. Then people get confused because they are not sure of what you have said. I do not have a problem with languages. It seems there is another point of order, Mr Speaker.]*

**THE SPEAKER:** Hon member Mr Gcabashe, so you have a point of order?

**MR S J GCABASHE (ANC):** Mr Speaker, according to Rule ... [Interjections] Yes, that Rule. [Interjections] May I be protected? We do not want to have the same scenes as in Vryheid.

**THE SPEAKER:** Ubaba uMzobe nje ongihluphayo kulokhu. Baba uMzobe kuhlupha nje ngoba akulula ukukhipha wena kodwa ke nawe ngizokukhuza nje ngithi musa ukuya ngakulaba abahluphayo.

*[Hon Mzobe is troubling me. It is a pity that it is not so easy to chase you out, hon Mzobe, so I will just chastise you. You must stop troubling me.]*

**MR S J GCABASHE (ANC):** Ngokuka *rule 245(2) (g)* bengicela ukuthi Somlomo uke ulandele ukuthi kungani ilunga elihloniphekile iNkosi uMdletshe adukise le Ndlu ngokuthi akhulume okungelona iqiniso ukuthi thina siyizigebengu.

*[According to Rule 245(2)(g), I request you, Mr Speaker, to make a follow-up as to why the hon member Inkosi Mdletshe is misleading this House by saying that we are*

*criminals.]*

**THE SPEAKER:** Hon member, we will investigate that.

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** Ngiyabonga Somlomo. Bayohlale bedideka njalo uma sesikhuluma isiZulu sithi kukhona ubugebengu, anyway yilungelo lakho Somlomo ukuphenya. Kodwa ngifuna ukunxwayisa bafowethu, musani ukudlala ngabantu ngale ndlela. Niyabona bantu baseMatatiele ukuba bakhona la, qhubekani nalo mzabalazo wenu ningakhohlwa uLuthuli unisaphothile la. Uyanisaphotha uLuthuli uthi lapho nikhona nenze konke eningase nikwenze ukuze nikwazi ukuzinakhuzela nina. Usho njalo uLuthuli kule ncwadi le. Ngakho-ke umhele ukuba ukhona nje ngabe uyababaza ukuthi banjani laba bantu abakhona namhlanje, iqembu labo lisaholwa yibo yini labo bantu. Ngakho-ke abantu baseMatatiele kumele nikhumbule ukuthi...awu isikhathi sisesiningi, sisesiningi *three minutes*.

Nikhumbule ukuthi ikusasa lenu lisezandleni zenu. Ingomuso lenu lisezandleni zenu. Ngakho-ke abantu nxa bedayisa ngani benza lokhu okuthiwa yi-*horsetrading* benikela ngani ngoba betshelwa osibanibani yinina eningabantu baseMatatiele. Ngiyafisa ukusho ukuthi qembu elibusayo cabangelani izakhamizi zakini. Ngiyaniluleka. Lunga elihloniphekileyo, mhlonishwa uMthimkhulu nicabangele abantu kuqala nibeze abantu. Nihloniphe izinto ezishiwo ngabantu nizilalele izinto ezishiwo ngabantu. Uma nenze kanjalo siyonihlonipha thina sinethulele isigqoko. Kodwa uma nenza lokhu enikwenzayo lungu elihloniphekileyo mama uNkonyeni somangala njalo sihlala sikhala sithi hhawu lenzani iqembu elihlonipheke kangaka.

Sengiphetha-ke Sihlalo Somlomo, namanje thina beqembu leNkatha yenkululeko yesizwe leli esikulona elazi ngokukhala kwabantu, elazi ngokuhlupheka kwabantu, elinakekela aba...ntu! limele abantu livikele abantu, libakhulumele futhi abantu ngoba sikhuluma nje. Sithi sinabo abantu baseMatatiele siyobasekela nxa kugangwa ngabo beshoniswa njengoba beshoniswa nje kugangwa ngabo. Siyoba kubona sibaduduze siye kubona sibaphe ukuchopho, siye kubona, siye kubona ukubalekelela kuyo yonke indawo sibacele thina. Bese ngithi ekugcineni, ngisho bangapikla odadewethu abangoNgqongqoshe benupiklela bantu baseMatatiele, ngeke sikunake lokho futhi ngeke sikuzwe ukuthi bathini ngoba asinandaba nabo sikhathazwe yindaba yenu nina bantu baseMatatiele. Sekukhona omunye futhi?

**English translation follows:**

*[Thank you, Mr Speaker. They will always be confused when you speak isiZulu. Anyway, it is your right, Mr Speaker, to investigate, but I want to warn you, my brothers, stop toying with the people in this way. I wish the people of Matatiele were here. Anyway, if there are some here, I want to tell you that you must continue with your struggle. Do not forget that Inkosi Luthuli has supported you. He is supporting you when he says that wherever you are, do everything that you can so that you can free yourself. That is what Luthuli is saying in this booklet.*

*Oh, I still have lots of time ... three minutes! You must remember that your future is in your hands. Therefore, when people sell you out, they are doing what is called "horse trading". They are instructed by certain people to make you offerings. I wish to advise the ruling party to consider the views of the citizens of this country. I am advising you, hon member Mthimkhulu, listen to the people. Respect what the people say. If you do that, we will respect and salute you, but if you continue to do what you are doing, hon member, Mama Nkonyeni ...*

*In conclusion, Mr Speaker, we, the IFP, the party which knows about the hardships of the people, which cares about the people, which protects the people and speaks on their behalf as we are speaking now, we are saying that we will forever support the people of Matatiele when they are being abused. Oh, there is another point of order.]*

**THE SPEAKER:** Ngiyacabanga ukuthi le *debate* iyongena emlandweni njenge*debate* ebe yinde kunawo wonke kunesikhathi ebinikezwe sona. Lunga elihloniphekile MEC Mthimkhulu.

*[I think this debate will be recorded as the longest debate in history, despite the time it had originally been allocated. Hon member MEC Mthimkhulu.]*

**MR M E MTHIMKHULU (MEC for Agriculture and Environmental Affairs):** Somlomo ngiphakama ngokwemigomo yale Ndlu enginikeza igunya lokuthi uma kukhulunywa kuxoxiswa ngokuthile ngikwazi ukuthi ngibuze kulowo okhulumayo ukuthi umbuzo engawuthatha yini. Ngakho-ke ngithi angicele ukubuza kuleli lungu ngokusebenzisa imigomo yale Ndlu engiyiphethe la esayiphasisa ngomhlaka 21 June 2006. Le migomo esigunyazayo ukuthi uma kufanele sibuze sibuze ngakho-ke sithi asibuze-ke

kumhlonishwa iNkosi yaseMdletsheni ukuthi umbuzo wokuthi kukhulumeke nje iqiniso ingawuthatha yini sizwe ukuthi ithini.

Mr Speaker, I am rising on the Rules of this House which allow me to ask questions during a debate. Can the hon Inkosi Mdletshe take a question?

**THE SPEAKER:** Hon iNkosi ingawuthatha umbuzo? *[Hon Inkosi, can you take a question?]*

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** Awubheke nje Somlomo, sikhuluma izindaba ezishisa kangaka kukhona ilunga lakho ngale elileleyo uSlabbert. Ngingathini kodwa kulesi simo esibukhuni kangaka kube khona abantu abaphumule abaphuphayo njengamanje ongazi baphuphani sikhuluma lezi zindaba lezi ezinkulu kangaka Somlomo.

Sengiphetha-ke Somlomo angiwuthathi umbuzo lo awushoyo abantu abahlale bethatha imibuzo...anginaso isikhathi sokuthatha imibuzo. Nginyaqhubeka nje nginyaqhubeka.

*[Look Mr Speaker, we are debating an issue which might yet go to court, but your member Slabbert over there is sleeping. What can I say about such a sad situation? Someone is dreaming whilst we are debating very important issues!]*

*In conclusion, Mr Speaker, I am not taking the question that you are talking about. People are always asking questions and I do not have time for questions. I will just proceed.]*

**THE SPEAKER:** Ilunga elihloniphekile-ke alizukuwuthatha umbuzo kusho ukuthi lizoqhubeka-ke. Qhubeka-ke Ndabezitha.

*[The hon member is not taking the question, which means he will just proceed. Proceed, Ndabezitha.]*

**INKOSI B N MDLETSHE (IFP):** Somlomo, sengiphetha. Ngifisa sengathi uNkulunkulu angalikhumbula izwe lakithi. Sengathi uNkulunkulu angasipha abaholi abaqotho. Sengathi uNkulunkulu asisikelele nokuhlupheka kwabantu akusikelele. UNkulunkulu omdala kunazo zonke izikhathi sengathi angabakhumbula abantu baseMatatiele. Nabanikela ngabo aze abakhumbule abakhuze kulokho. UNkulunkulu abe nathi sonke kuleli zwe ikakhulukazi leli qembu engikulona leli engimi kulona aze alikhumbule njalo

ukumelela abantu abahluphekayonabakhalayo. Ngiyabonga Somlomo.

*[Mr Speaker, in conclusion, I pray that God will remember our country. I pray that God will give us leaders who have integrity. I pray that God will bless our people. I pray that God will remember the people of Matatiele. May God be with all of us in this country, especially the party that I represent, because it represents the people who suffer. Thank you, Mr Speaker.]*

**THE SPEAKER:** Malungu ahloniphekile, senginikeza-ke manje ilunga elihloniphekile elinguSihlalo weKomidi loHulumeni baseKhaya kanye Nobuholi beNdabuko. Uyena-ke esengimnikeza ithuba lokuthi avale le debate ngo five minutes.

*[Hon members, I am now going to give an opportunity to the hon member who is the Chairperson of the Portfolio Committee on Local Government and Traditional Affairs. I am giving him the opportunity to speak for five minutes in closing of this debate.]*

**MR M A I KUBHEKA (ANC):** Ngiyabonga Somlomo. Ngicela ukuqala ngokuthi ngizwakalise ukujabula kwami ngokubona phakathi kwethu namhlanje ilunga elihloniphekile, nesinesikhathi eside sikade saligcina, ubaba uDavid Thandabantu Ntombela. Cha siyajabula kakhulu ukumbona ubaba uMahlobo. Besizwile ukuthi ukuxineka bekukade kumphethe kakhulu, kodwa ukuba phakathi kwethu kukhomba ukuthi sekuyalunga. Ngathi-ke ungama njalo Mahlobo.

Okwesibili Somlomo, angikusho ukuthi sekuyisikhathi eside mina ngokwami ngagcina ukuba abahlonishwa beqembu leNkatha bejabule ngale ndlela engibabona bejabule ngayo namhlanje. Lokho engikubone ngokuthi kube nohleko oluqhuma phezulu uma ngabe ubheka ngale okuhleli ngakhona umhlonishwa uHlabangane, ubone ukuthi kuivela elomhlathi.

*[Thank you, Mr Speaker, may I start by expressing my delight at seeing the hon member David Thandabantu Ntombela whom we have not seen for a very long time. We were told that he was very sick, but his presence today shows that he is improving. I wish you a speedy recovery, hon Mahlobo.]*

*Secondly, Mr Speaker, it has been a long time since I have seen the hon members of the IFP as excited as they are today. This was proven by the laughter on the side of hon Hlabangane. They are smiling from ear to ear.*

**THE SPEAKER:** Bakwethu ilingu elihloniphekile alingaphazanyiswa uma likhuluma ngoba alikakoni lutho. Alikakoni lutho leli lungu elihloniphekile. Belisakhuluma nje liphawula ngendlela elibone ngalo isimo eNdlini. Angiboni-ke ukuthi kufanele kuze kubangwe lokho bese lize lidistebheka ilungu elihloniphekile. Alinikezwe nje ithuba, likhulume kahle nalo libeke inkulumo yalo ngokukhululeka. Lungu elihloniphekile.

*[Hon members, please do not disturb the hon member whilst he is speaking. He he has not done anything wrong yet. He is still commenting on what he sees. I do not think he deserves the disturbance he is receiving. Please allow him the chance to debate freely. Hon member?]*

**MR M A I KUBHEKA (ANC):** Ngiyabonga Somlomo. Cha kunjalo bengisika nje nami kwelijikayo ngoba ngingabone lutho olonakalayo. Cha umuntu makaqhubeke ngokuthi-ke, masibonge amalungu ahloniphekile aleli komidi ngokuthi akwazi ukuba azinikeze isikhathi ahambele lezi thangamu ebesikade sizihambela emphakathini. Ngiphinde ngiwabonge futhi ngokuphawula kwawo asekwenzile lapha eNdlini.

Asibonge-ke futhi egameni lekomidi izinhlango namakomidi nobuholi kulziya zindawo ezimbili zaseMzikhulu naseMtatiele, nabantu nje ngokuvulekile bakulezi zindawo ngokuthi babambe iqhaza kulolu hlelo onhloso lwayo bekungokuthi kukwazi ukuzwakwala eyana imibono nolwabo uvo.

*[Thank you, Mr Speaker. I was just commenting and there is nothing wrong. Let me continue by thanking hon members of this committee for being part of the hearings that were held and I also thank them for their comments in this House. Let me also thank, on behalf of the committee, the organisations, committees and leadership in those areas of uMzimkhulu and Matatiele and the people in general for having taken part in this process, whose aim it is to listen to their views.]*

*As I have indicated in my opening input, Mr Speaker, hon members have touched on some important concerns that have been raised by the people during the hearings. It is important to note that some were speaking from an informed position, knowing for sure what is that they are talking about. Of course, some were talking from a position of ignorance, like the hon Mrs J M Downs of the ACDP and some other hon members. [Interjection]]*

**MR B J MSOMI (UDM):** Somlomio bengithi ngicela ukubuza ukuthi ilungu elihloniphekile lingawuthatha yini umbuzo othi labezwa ukuthi bathini abantu baseMatatiele?

*[Mr Speaker, I wanted to know if the hon member can take a question as to whether he had actually heard what the people of Matatiele were saying.]*

**THE SPEAKER:** Kahle Nomndayi. Angithi phela yilokho ebengikukhuza ukuthi imithetho asingayigqoki nje kancane, siyigqokele ukuthi sibe sesikwenzile lokho esikuhlosayo. Nawo-ke umbuzo, buza nje ukuthi ilungu elihloniphekile lingawuthatha yini umbuzo? Ungabuzi wona. So sengizomnikeza nje ukuthi aphenhule ukuthi anagwuthatha yini umbuzo. Hon member, Mr Kubheka?

*[No, Mr Msomi. Do not abuse the Rules of the House. You must first ask if the hon member is prepared to take a question. Do not ask the question first. However, I will ask him to respond if he will take the question. Hon member Mr Kubheka?]*

**MR M A I KUBHEKA (ANC):** Thanks, hon Speaker.

Cha ngibonile ukuthi ilungu elihloniphekile uNoMndayi ufike emva kokuthi bese ngiyethulile leya nkulumo yokuqala lapho bengikhulume khona ngento eshoyo ukuthi sizwile ukuthi abantu baseMatatiele bathini. Bengiyocela ukuthi kulabo abathatha izinkulumo zethu bamenzele ikhophi bamnikeze. Uyokwazi ukubona lapho.

*[No, I saw that the hon member Nomndayi came in after I had tabled that first speech in which I mentioned that we have heard what the people of Matatiele are saying. I will request those who are recording the debate to give him a copy so that he will know what I said.]*

As I was saying, some members here were speaking from a position of ignorance. I will not touch on the details but, of course, the hon J M Downs spoke from a position of total ignorance.

Ngizozwelana naye, angeke ngathinta okutheni. *[I will just sympathise with her, I will not say much more.]*

And of course, some members speaking here were driven by nothing but sheer political

opportunism, as represented by the hon Inkosi Mdletshe of the IFP. I have always been under the impression that all members understood ...

**THE SPEAKER:** Nali elinye i-point of order futhi, (*another point of order*), hon Mr Combrinck?

**MR H L COMBRINCK (Chief Whip of the Opposition):** Mr Speaker, in his capacity as Chairperson of the Portfolio Committee, that member has to report on the debate, on what members have been saying. He cannot make a political speech on behalf of his party at this stage. Could you give a ruling on that, please?

**THE SPEAKER:** No. You see, Mr Combrinck, I do not think we should go into that area of discussion again. This is a list with names of members who are going to take part in the debate. Firstly, when this list was written, it was indicated that there will be a report by the Chairperson of the NCOP on the NCOP process. Secondly, there was going to be a report by the Chairperson of Local Government and Traditional Affairs. Both these members have made these reports. Now there has been a debate, beginning from the third person onwards. From that point, up to the 12<sup>th</sup> person, there was a debate. This list in front of me says: Response by the Chairperson of Local Government and Traditional Affairs to the debate. I thought that was precisely what the hon member was doing. Let us not put new things into our processes. Let us accept that the hon member is responding to the debate.

Qhubeka-ke [*Proceed*] hon Mr Kubheka.

